Sasria SOC Limited
P.O. Box 653367, BENMORE, 2010
36 Fricker Road, Illovo, 2196
Tel: +27 11 214 0800 (Switchboard)
Fax: +27 11 447 8630
Reg. No. 1979/000287/06
VAT Reg. 4140119340
FSP Licence No.: 39117

# IBHUKWANA LOLWAZI

## ngokweSigaba 14

## SoMthetho uNo. 2 wezi-2000 Wokuthuthukisa

## Ukutholakala Kolwazi

## OKUQUKETHWE


| Inombolo | Isihloko | Ikhasi |
|---|---|---|
| 1 | Isingeniso | 3 |
| 2 | Inhloso yeBhukwana | 3 |
| 3 | Imininingwane ngokweSigaba 14 | 3 |
| A | Imisebenzi kanye nesakhiwo seSasria SOC Limited *[iSigaba 14 (1) (a)]* | 3 |
| A (i) | Imisebenzi yeSasria SOC Limited | 3 |
| A (ii) | ISakhiwo seSasria SOC Limited | 4 |
| B | Imininingwane yokuxhumana *[iSigaba 14(1) (b)]* | 4 |
| C | ISigaba 10 Umkhombandlela wokuthi ungasetshenziswa kanjani uMthetho *[iSigaba 14(1) (c)]* | 5 |
| D | Ukutholakala kwamarekhodi enganyelwe uSasria SOC Limited | 5 |
| D (i) | Inqubo yokufaka izicelo | 5 |
| D (ii) | Ukudalula okuzenzakalelayo *[iSigaba 14(1) (e)]* | 7 |
| D(iii) | Ukudaluia ngokuzithandela *[iSigaba 15 (1) (a)]* | 7 |
| D (iiv) | Amarekhodi angacelwa *[iSigaba 14 (1) (d)]* | 8 |
| E | Izidingo ezihlinzekwayo *[iSigaba 14 (1) (f)]* | 9 |
| E(i) | Uhlobo Lwezidingo Ezihlinzekwayo | 9 |
| E (ii) | Zitholakala kanjani lezi zidingo ezihlinzekwayo | 9 |
| F | Uhlelo oluvumela ukuthi umphakathi ubambe iqhaza ekwakheni inqubomgomo kanye nokusebenzisa amandla *[iSigaba 14 (1) (g)]* | 9 |
| G | Izindlela zokulungisa ezingatholakala uma imibandela yalo Mthetho ingalandelwanga *[iSigaba 14 (1) (h)]* | 10 |
| H | Olunye ulwazi njengoba lumisiwe ngokoMthetho *(iSigaba 14 (1) (i)* | 10 |
| I | Ukuvunywa | 10 |

## 1. ISINGENISO

ISigaba 32 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, uNo. 108 we-1990 ("uMthethosisekelo) sinikeza wonke umuntu ilungelo lokuthola ulwazi. UMthetho uNo. 2 wezi-2000 Wokuthuthukisa Ukutholakala Kolwazi ("uMthetho") waziswa ngamhla zi-3 kuNhlolanja 2002 ukunikeza amandla leli lungelo ngokugqugquzela isiko lokungafihli lutho kanye nokuzibophezela ezinhlakeni zikahulumeni nezizimele. Ukuze yethule ukuhlaziywa okuyikho nokuzwakalayo kwesimo sayo, iSasria Soc Limited (ebizwa lapha ngokuthi "Sasria") ihlala njalo izama ukuqinisekisa ukuthi ukubika kwayo nokwazisa kwayo bonke ababambe iqhaza kuyona kuyikho, kucacile futhi kuyasebenza.

Leli bhukwana lenziwe ngokulandela iziphakamiso zeSigaba 14 soMthetho esikwenza kube semqoka ukuthi onke amabhizinisi aphethwe uhulumeni enze ibhukwana eliyokuba nomkhombandlela wokuthi umphakathi ungaluthola kanjani noma yiluphi ulwazi oluqukethwe ibhizinisi eliphethwe uhulumeni.

## 2. NHLOSO YALELI BHUKWANA

Inhloso yaleli bhukwana ukunikeza umkhombandlela emalungeni omphakathi ukuthi bangaluthola kanjani ulwazi oluqukethwe iSasria.

## 3. IMININGWANE NGOKWESIGABA 14

### A. Imisebenzi nesakhiwo seSasria *[ISigaba 14 (1) (a)]*

#### i. Imisebenzi yeSasria

ISasria iyibhizinisi eliphethwe uhulumeni elasungulwa ngokoMthetho Wezinkampani uNo. 61 we-1973 njengenkampani yeSigaba 21 yezinkampani zikahulumeni ngokoMthetho Wokuguqulwa kweSasria, uNo. 134 we-1998 lapho uhulumeni esalokhu enguye kuphela umnikazi wamasheya kule nkampani. ISasria iyiNkampani Yomshuwalense Wesikhathi Esifishane enikeza ukuvikeleka emonakalweni owenzeka uma kunezenzo zepolitiki nokungezona ezepolitiki, udlame, iziteleka kanye nenxushunxushu emphakathini.

ISasria iyona yodwa inkampani yomshuwalense wesikhathi esifishane enegunya lokuzibophezela kulezi zimo ezingenhla ngokoMthetho Wokuvikeleka Komonakalo kanye Nokulahlekelwa, uNo. 56 we-1989.

ii. **Isakhiwo seSasria**

ISasria inehhovisi likazwelonke eliseGauteng elikule ndawo enekheli elishiwo eSigatshaneni B lapha ngezansi. Uhlu lweBhodi yaBaqondisi kanye nomdwebo wesakhiwo luyatholakala kuSasria homepage: http://www.sasria.co.za

B. **Imininingwane yokuxhumana *[ISigaba 14(1) (b)]***

**Isikhulu Sezolwazi:**

UMnu Cedric Mnwabisi Masondo
UMqondisi oPhethe
I-imeyili: cedricm@sasria.co.za

**ISekela Lesikhulu Sezolwazi:**
(Oqokwe ngokusemthethweni iSikhulu Sezolwazi ukubhekana nezicelo zokuthola Ulwazi ngokoMthetho)

UMnu. Mziwoxolo Success Mavuso UMabhalane Wenkampani I-imeyili: mziwoxolom@sasria.co.za

Ulwazi Olwengeziwe:

| | |
|---|---|
| Ikheli leposi | P O Box 65337<br>Benmore<br>2010 |
| Ikheli lendawo: | 36 Fricker Road Illovo,<br>Sandton<br>2196 |
| Ucingo: | (011) 214 0800 |
| Ifeksi: | (011) 447 8624 |
| Iwebsite: | www.sasria.co.za |

C. **ISigaba 10 Umkhombandlela wokuthi ungasetshenziswa kanjani uMthetho *[ISigaba 14 (1) (c)]***

Umkhombandlela wenziwe ngokwesigaba 10 soMthetho weKhomishini Yamalungelo Esintu. Lo mkhombandlela uqukethe ulwazi olungasiza nanoma ubani ofisa ukusebenzisa ilungelo, ngokoMthetho. UMkhombandlela uyatholakala ku-website yeKhomishini Yamalungelo Esintu YaseNingizimu Afrika.

Sicela uqondise imibuzo kulaba:
**IKhomishini yaseNingizimu Afrika Yamalungelo Esintu: uPhiko lwePAIA**

**UMnyango Wezocwaningo Nokulondoloza Emabhukwini**

Ucingo: +27 11 877 3803
I-website: wvwv.sahrc.org.za
I –Email: ldlamini@sahrc.org.za

D. **Ukutholakala kwamarekhodi enganyelwe uSasria**

i. **Inqubo yokufaka izicelo**
**Umuntu ofaka isicelo kumele akwazi ukuthola amarekhodi omkhakha kahulumeni uma ofake isicelo enelisa lokhu okulandelayo:**

- Ofake isicelo enelisa konke okudingekayo ngokwenqubo yoMthetho oqondene nokucela ukuthola lawo marekhodi; Kanye
- Ukuthola lawo marekhodi akwenqantshiwe ngemibandela yokunqaba eshiwo kulo Mthetho.
- Ukuxhumana ngokubhalelana kuyothunyelwa kofake isicelo kulandela isicelo noma sivunyiwe noma singavunywanga.
- Uma ulwazi lungatholakali, kuyosayinwa incwadi efungelwe bese kwaziswa ofake isicelo.
- Isicelo siyocutshungulwa zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu (30) isicelo senziwe
- noma isikhathi sesicelo sengezwe isikhulu sezolwazi ngezinye izinsuku ezingamashumi amathathu
  (30).
- Nangaphandle kwesikhathi esibhalwe lapha ngenhla, isekela lesikhulu sezolwazi kumele ligunyazwe yiKomidi Elikhulu noma uMqondisi Ophethe ngaphambi kokuthi ulwazi ludluliselwe kofake isicelo.

**Ubunjalo besicelo:**

- Ofake isicelo kumele asebenzise ifomu eliphrintwe kwiGazethi kaHulumeni 25099 [Isaziso sikaHulumeni R887 - 20 Nhlangulana 2003 Ifomu A]. **Isithasiselo A** sikhombisa ifomu eligcwaliswayo uma kucelwa ulwazi.
- Ifomu A kumele liqondiswe eSekeleni Sikhulu Sezolwazi ekhelini noma enombolweni yefeksi ebhalwe ku B noma ku e-mail ethi mziwoxolom@sasria.co.za
- Ofake isicelo kumele acacise ukuthi isicelo esekhophi yerekhodi noma ofake isicelo ufuna ukuhlola irekhodi emahhovisi omkhakha kahulumeni. Ngakolunye uhlangothi uma irekhodi lingabhaliwe phansi, lingabukwa ngendlela elicelwe ngayo, uma lokhu kwenzeka *[ISigaba 29(2)].*
- Uma ofake isicelo efisa ukuthola ulwazi ngendlela ethile, kumele aluthole ngendlela alucele ngayo. Ngaphandle uma ukwenza njalo kungaphazamisa ngokungafanele ukusebenza komkhakha kahulumeni lowo, noma kulimaze irekhodi, noma kunyathela amalungelo obunini. Uma, ngenxa yezizathu ezithile ukutholakala kolwazi kungeke kutholakale ngendlela okucelwe ngayo kodwa kungatholakala ngenye indlela, imali ekhokhwayo ngalokhu kumele ibalwe ngokwendlela okucelwe ngayo ngofake isicelo kwasekuqaleni. *[ISigaba 29(3) kanye (4)].*
- Uma, ngaphezu kwempendulo ebhaliwe esicelweni serekhodi, ofake isicelo edinga ukuboniswa ngesinqumo nangayiphi enye indlela, isibonelo ngocingo, lokhu kumele kucaciswe *[ISigaba 18(2)(e)].*
- Uma ofake sicelo ecela ulwazi elucelela omunye umuntu, kumele kucaciswe ukuthi isicelo senziwa ngasiphi isimo *[ISigaba 18(2) (f)].*
  Uma ofaka isicelo engakwazi ukufunda nokubhala, noma uma enokukhubazeka, isicelo serekhodi singenziwa ngomlomo. Isikhulu sezolwazi kumele sisibhale phansi efomini elihlelelwe lokho, leso sicelo esenziwe ngomlomo bese sinika ofake isicelo ikhophi *[ISigaba 18 (3)].*

**Kunezinhlobo ezimbili zezimali okumele zikhokhwe ngokulandela uMthetho, kuba imali**

**Yokucela nemali yokuthola *[ISigaba 22].***

Ofake isicelo uma efuna ukuthola irekhodi eliqukethe ulwazi ngaye akudingeki ukuthi akhokhe imali

yokucela. Noma ubani omunye ofaka isicelo, ongaziceleli yena, kumele akhokhe imali yokucela:

- Isikhulu sezolwazi kumele sazise ofake isicelo (ngaphandle kozicelela yena uqobo lwakhe) ngokumnika isaziso, ukuthi ofake isicelo kumele akhokhe imali enqunyiwe (uma kumele) ngaphambi kokuqhubeka nokusicubungula isicelo.

- Imali yokucela ekhokhelwa imikhakha kahulumeni ingama-R35.00. Ofake isicelo angafaka isikhalo sangaphakathi, uma kumele, noma afake isicelo enkantolo esiphikisa inhlawulo noma ukukhokha imali yokucela.
- Uma isikhulu sezolwazi sesisithathile isinqumo ngesicelo, kumele kwaziswe ofake isicelo ngesinqumo,
  ngendlela afuna ukwaziswa ngayo.
- Uma isicelo sivunywa, kunemali yokuthola ekhokhelwa ucwaningo, ukulungisa, ukwenza amakhophi kanye nokukhokhela isikhathi esingaphezu kwaleso esinqunyelwe ukufuna nokulungisa irekhodi lilungiselelwa ukudalulwa.

ii. **Ukudalula okuzenzakalelayo *[ISigaba 14(1) (e)]***

UNgqongqoshe wezoMthetho kanye Nokuthuthukiswa koMthethosisekelo kumele amemezele isaziso ngokwe**Sigaba 15(2)** esichaza izinhlobo zamarekhodi ohlaka ezitholakala ngaphandle kokuthi umuntu enze isicelo sokuthola ngokulandela uMthetho. Ngesikhathi kukhishwa leli bhukwana asikho isaziso esinjalo esasenziwe maqondana noLwazi lweSasria.

iii. **ISigaba sokudalula ngokuzithandela *[ISigaba 15(1)(a)]***

USasria uzozama ukuletha ngokuzithandela kuNgqongqoshe wezoMthetho kanye Nokuthuthukiswa koMthethosisekelo uhla oluchaza izinhlobo zamarekhodi azitholakalelayo. Okwamanje lezi zinhlobo zimi kanje - Imikhiqizo yakwa Sasria; Amareyithi; Inqubo Yokufaka Isicelo Sokukhokhelwa; Amasekhula; Imithethonqubo; Izindaba zokuBusa.

iv. **Amarekhodi angacelwa *[ISigaba 14 (1) (d)]***

**Uhla oluchaza izindikimba kanye nezinhlobo zamarekhodi agcinwe nguSasria:**

**ULWAZI NGENKAMPANI**

- Izincwadi zenkampani: Isitifiketi sokuBandakanya, Incwadi kanye neziGaba zokuziHlanganisa;
- AmaRejista;
- IZitatimende Zonyaka Zezimali;
- Amarekhodi eBhodi kanye naweKomidi

**EZEZINDABA ZABASEBENZI**

- Izinkontileka Zokuqashwa
- Ukubhalelana okuqondene nabasebenzi

- Izinkontileka zabasebenzi kanye nezinye izinkontileka eziqondene nabasebenzi kanye namarekhodi asemthethweni

**IZIVUMELWANO KANYE NEZINKONTILEKA**

- Izivumelwano nabenza imisebenzi ethile
- Izivumelwano neziNkampani ezingama Ejenti
- Izivumelwano noHulumeni waseNingizimu Afrika
- Izivumelwano Zokuphathwa Kotshalomali
- Izivumelwano Zokudayiswa Kwezinto Zebhizinisi
- Izivumelwano Zokuqashisa

**AMAREKHODI EZEZIMALI KANYE NOKUGCINWA KWAMABHUKU**

- Amabhuku ama-akhawunti
- Izitatimende zezimali
- Amarekhodi ama-akhawunti aseBhange
- Izitatimende kanye nezincwadi ezisekelayo
- Imibiko yotshalomali kanye nezincwadi
- Amarekhodi otshalomali
- Izincwadi Zezibambiso

**UKUDAYISA NOKUKHANGISA**

- Uhla lweziNkampani ezingama Ejenti
- Izincwadi Ezigunyazayo
- Amarekhodi Okukhangisa
- Amarekhodi akhiqizwa inkampani uma iqhuba umsebenzi wayo oqondene namakhasimende, okuhlanganisa namarekhodi okusebenza.
- Amarekhodi angaphakathi okuhlaziya kanye namanye amarekhodi angaphakathi.

## E. Izidingo ezihlinzekwayo *[ISigaba 14 (1) (f)]*

### i. Uhlobo lwezidingo

KuSasria lokhu kuzohlanganisa nezidingo ezinjengemisebenzi ezinhlelweni naseminyangweni. Lokhu kungatholakala ku- *homepage* kaSasria.

### ii. Zitholakala kanjani lezi zidingo ezihlinzekwayo

Ukuze kutholakale ukuhlizekwa ngezidingo kuSasria kumeiekwenziwe isicelo KuMqondisi oPhethe wenkampani.

UMqondisi Ophethe weSasria ngu: Mnu Cedric Mnwabisi Masondo
Imininingwane yokuxhumana evezwe eSigatshaneni B ngenhla ingasetshenziswa ukuxhumana noMnu Cedric Mnwabisi Masondo.

F. **Uhlelo oluvumela ukuthi umphakathi ubambe iqhaza ekwakheni inqubomgomo kanye nokusebenzisa amandla *[ISigaba 14 (1) (g)]***

La malungiselelo aphethwe uMthetho Wokuguquiwa kweSasria, 1998 (UMthetho uNo. 134 we-1998). Imibandela ethintene nalokhu *seSigabeni 6 nesesi-9* salo Mthetho.

*ISigaba 6* sihlinzeka ngokuthi uNgqongqoshe angakwazi ukuthi, ngemuva kokubonisana nemboni yomshuwalense wesikhathi esifishane -

(a) Aguqule Incwadi kanye neziGaba zokuHlanganisa zeNkampani, ngaphandle kokushintsha okuyiwona msebenzi weNkampani okuwumshuwalense wesikhathi esifishane wobungozi obukhethekile ngaphandle komshuwalense ophindiwe wesikhathi esifishane wobungozi obukhethekile;

(b) Aqoke ibhodi labaqondisi beNkampani; futhi

(c) Enze nanoma yini enye edingekayo ukuguqula iSasria ibe inkampani yomphakathi kanye nokwakha kabusha iNkampani.

*ISigaba 9* sihlinzeka ngokuthi uNgqongqoshe kumele, ngemuva kokubonisana nemboni yomshuwalense wesikhathi esifishane, adayise noma achithe nanganoma iyiphi enye indlela ubunikazi bamasheya noma ingxenye yobunikazi bamasheya aphethwe uHulumeni kule Nkampani

G. **Izindlela zokulungisa ezingatholakala uma imibandela yalo Mthetho ingalandelwanga *[ISigaba 14 (1) (h)]***

Ngokulandela okuhlinzekwe yiSigaba *74* soMthetho, ofake isicelo uma enesikhalo angafaka isikhalo sangaphakathi ephikisa isinqumo sesikhulu sezolwazi sika Sasria. ISigaba *75* sinquma indlela yenqubo okumele ilandelwe ukuze kufakwe isikhalo.

H. **Olunye ulwazi njengoba lumisiwe ngokoMthetho *(ISigaba 14 (1) (i))***

i) **Ukubuyekezwa kweBhukwana [ISigaba 14 (2)]**
Kungumsebenzi kaSasria ukubuyekeza leli bhukwana emuva kwezikhawu ezingengaphezulu konyaka.

ii) **Ukutholakala kweBhukwana [ISigaba 14 (3)]**
USasria uzokwenza konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi leli bhukwana liyatholakala ngezilimi ezine (4) IsiNgisi, IsiBhunu, IsiZulu noma iSesotho.

## I. UKUVUNYWA

Leli Bhukwana lamukelwa iKomidi eliPhethe likaSasria ngalolu suku lwama-30 kaNhlangula wezi- 2015.

.....
**Mr C.M. Masondo (Managing Director)**

30 kaNhlangula 2015
**DATE**